# Usuku olungumnqamulajuqu lonyaka lwabakhokhintela besikhashana namathrasti, umhla zingama-20 kuMasingana kowezi-2025

**Tshwane, 17 Masingana 2025 –** Usuku olungumnqamulajuqu lwamathrasti nabakhokhintela angabakhokhintela besikhashana lokubuyisa amafomu abo emininingwane ngentela yemalingeniso labo lonyaka wentela wezi-2024, nguMsombuluko mhla zingama-20 Masingana kowezi-2025.

Unyaka wokuhlola wezi-2024 ukhuluma ngesikhathi esiphakathi komhla lu-1 kuNdasa 2023 kuya kumhla zingama-29 kuNhlolanja 2024.
Umkhokhintela wesikhashanangumuntu othola imalingeniso noma onemalingeniso ekhulayo, ngaphandle komholo. Ithrasti nayo iyangena ngaphansi kwencazelo "yomuntu" ngokoMthetho weMalingeniso, nombolo 58 wezi-1962 ngakho-ke ithathwa njengomkhokhintela.

UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (i-SARS) lufisa ukubonga bonke abakhokhintela asebethumele amafomu abo emininingwana ngentela yaminyaka yonke kanti lunxenxa nabakhokhintela abangakawathumeli amafomu emininingwane ngentela, ukuba benze kanjalo nakhu usuku olungumnqamulajuqu selusemome.

Abakhokhintela ababandakanya amaThrasti, banomthwalo ngokomthetho ukuba babhalisele intela efanele, babuyise amafomu emininingwane ngentela, badalule ngokuyikho kumafomu abo emininingwana ngentela baphinde benze izinkokhelo ezifanele kwa-SARS. Ukungathobeli lezi zibophezelo kuyicala lobugebengu kanti lizothwala izinhlawulo nenzalo. Abakhokhintela kumele babhalisele i-eFiling ukuze bathumele amafomu abo emininingwane ngentela onyaka.

Kubalulekile ukuqaphela ukuthi wonke amaThrasti kulindeleke ukuba athumele amafomu emininingwane ngentela njalo ngonyaka, kubandakanya lawo abangababambi iqhaza kwezomnotho. Abaphatheli "bangabammelimkhokhintela" weThrasti kanti banesibopho ngokomthetho ngokwezikhundla zabo ezisemthethweni noma ngabodwana sokuhlangabezana nezibophezelo zabo zentela, yize noma besebenzisa isisebenzi sentela ukusingatha izindaba zentela zeThrasti egameni layo. U-SARS uzothwesa icala abaphatheli kanye neThrasti ngokuhlanganyela ngokungathobeli imigomo yentela yeThrasti.

USARS usukwenze kwaba lula kubakhokhintela ukuba bathobele ngokubahlinzeka ngezisombululo zokubuyisa amafomu entela ngokusebenzisa i-inthanethi. Ifomu lentela yemalingeniso lomuntu (i-ITR12) kanye nefomu lentela yemalingeniso yeThrasti (i-ITR12T) kungatholakala ku-eFiling kanti futhi ungabeka usuku lokuya egatsheni lakwaSARS ngokusebenzisa isizindalwazi sakwaSARS.

Abakhokhintela bayakhuthazwa ukuba babheke isizindalwazi sakwa-SARS ukuze bathole olunye ulwazi mayelana nezibophezelo zabo zentela kulawa makhonco alandelayo: amaThrasti, isiKhathi seNtela sowezi-2023 kanjalo nangeNtela yesiKhashana. Isizindalwazi sakwa-SARS sinamakhasi akhuluma ngamaThrasti ahlala ebukezwa ngokwakamuva ngezibophezelo zentela kumaThrasti, iziqondiso kanjalo nohla lwamadokhumenti asekelayo lapho kubhaliselwa intela yeThrasti.

